**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Uma ngabe izinombolo zemibuzo zixovekile zingabhaliwe njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo, omakayo kumele amake alandele imemo.

- Uma ohlolwayo ebhale igama ngopelomagama oluphambene, kuze kube kulahleka umqondo wokushiwoyo, omakayo kumele angayamukeli leyo mpendulo. Kodwa uma kungukuthi umqondo awulahleki kumele impendulo ayamukele.

- Uma ngabe ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna empendulweni ebadingayo akumele ohlolwayo ajeziswe ngalokho.

- Emibuzweni enezimpendulo ezivulekile, uYEBO/CHA, NGIYAVUMA/ANGIVUMI abanikwa imaki. Kanjalo futhi nale mpendulo eqala ngokuthi YIQINISO/ AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO alifakwa imaki. Omakayo kumele agxile kulokhu asekele ngakho ohlolwayo. impendulo yakhe.

- **Umfundi kumele aphendule izincwadi ezimbili kuphela. Ophendule izincwadi ezingaphezu kwezimbili kuyomakwa ezimbili zokuqala. …….**

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

### ISIQESHANA A

1.1 Yinye/unengane eyodwa.√ (1)

1.2 UNomgedla.√ (1)

1.3 Base belinde isikhathi eside bengamtholi umntwana.√ (1)

1.4 C√/Okusolisayo.√ (1)

1.5 USandanezwe.√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uvela ekuqaleni kwendaba kuze kuyofika ekugcineni.√/
- Indaba ingaye.√/
- Udweshu oluningi luthinta yena uqobo.√/
- Uyena obhekene nenkinga yokugula.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UZabalaza noSandanezwe bagcina bengasezwani.√/
- Le ngxabano yabo yangenwa nayizinsizwa zangakubo kaZabalaza ngoba zaziba namazwi aziswana uma zihlangana noSandanezwe.√/
- USandanezwe wagcina ngokuthi ashaye uZabalaza.√/
- Emva kokushaywa kwakhe uZabalaza wazama umuthi wokuthi athathele uSandanezwe ingoduso yakhe ukuze aziphindiselele.√ (2)

1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo embuzweni ngamunye.

1.7.1 Yebo. Siyahambisana ngoba :
- Umlingiswa oqavile uSandanezwe wayehlalele ethembeni lokuthi uzosinda kulokhu kugula okwakumphethe.√/
- Wayenethemba lokuthi ingoduso yakhe izomlinda aze adlule ezinkingeni zakhe bese beyashada.√/
- Ithemba lakhe ulibeka kakhulu ezinyangeni ukuthi zizomsiza alulame. √/ (2)

1.7.2 Yebo. Ukwazile ngoba:
- Umlingiswa osemqoka onguSandanezwe siyamthola esingenisweni.√/
- Siyayithola inkinga abhekene nayo khona esingenisweni okungukugula kwakhe. √/
- Umbhali usheshe wasivezela isizinda sendaba okuyindawo yasemakhaya esikhathini sanamuhla.√ (2)

1.8 Isifaniso. √ (1)

1.9 Bangabandawonye.√√/ Bayazalana√√ (2)

1.10 Bezihlalele nje exhibeni izimbiza zigxabha eziko√√/ Nebala kwathi **bezihlalele nje exhibeni izimbiza zigxabha eziko**√√ bekade bezitekulela, wezwakala uMaZikalala eseyiqala indaba. (2)

1.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayebona sengathi odokotela bayehluleka ukwelapha isifo esasimphethe.√√/
- Wayebona ukuthi odokotela bayahlawumbisela ngoba babebika izifo eziningi.√√/
- Wayengafuni ukwamukela ukuthi usenengculazi. √√ (2)

**ISIQESHANA B**

1.12 Wayegula kakhulu usizo engalutholi. √ (1)

1.13 Okukodwa kwalokhu:
- Wathi uzomlinda aze aphume kulobu bunzima ayebhekene nabo.√√/
- Wathi uzomlinda aze alulame/ asinde kulokhu kugula kwakhe. √√ (2)

1.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Waba nemali ngoba wakwazi ukukhokhela izindleko zenyanga.√/
- Wayeswenka.√/
- Wayekwazi ukuthola amagugu avela kwamanye amazwe.√/
- Lokhu kwamenza waba nezintombi eziningi.√/
- Wangenwa isifo sengculazi.√ (2)

1.15 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Wayesehlulekile ukumelapha.√/
- Wayesaba ukuthi uzoze afele emzini wakhe bese ephuphisa imithi yakhe.√/
- Kwalahleka isitho somuntu wesifazane ayezosisebenzisa ekumelapheni. √/
- Wayengafuni ukuvuma ukuthi usehlulekile ukumelapha ngoba lokho kwakuzomehlisa isithunzi.√ (3)

1.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kumele abantu boMnyango wezeMpilo bavakashele ezikoleni kanye nasezindaweni zokusebenza bafundise abantu ngaso isifo. √√/
- Kumele kube nemikhankaso yokuqwashisa imiphakathi ngobungozi balesi sifo. √√/
- Uma befundisa ngalesi sifo kumele bakhulume ngezidakamizwa kanye notshwala okuyizinto ezinomthelela omkhulu ekubhebhethekiseni lesi sifo. √√/
- Kumele bakugcizelele kubantu ukuthi nakuba lesi sifo singelapheki kodwa kuyaphileka isikhathi eside naso ngokudla imishanguzo. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

1.17 Imibono iyokwehluka :
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ngohlangothi ngalunye.
**Ngiyazwelana**, ngoba:

- UNokulindela wayenothando lweqiniso ngoSandanezwe.√/
- Wayengenalo ulwazi ngohlobo lwesifo esasiphethe uSandanezwe.√/
- Wayengenalo ulwazi lokuthi uSandanezwe wayeziphethe kanjani lapho ayesebenza khona.√

**NOMA**

**Angizwelani,** ngoba:

- Kwakumele athole ulwazi olugcwele mayelana nokugula komuntu athandana naye.√/
- Sasikhona isesheli esasingaguli ayengakhalela kusona.√/
- Babengakashadi noSandanezwe kwakungamele athwale izinkinga zomuntu ogula engasindi.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

1.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Njengomuntu owayenezintombi eziningi, ngangizomtshela ukuthi:

- Akayohlolela isifo sengculazi ukuze aqinisekise okwakuhlawumbiselwa ngodokotela.√/
- Akahlale esibhedlela angayi ezinyangeni. √/
- Akakhulume iqiniso kuyena uqobo lwakhe.√/
- Akemukele ukuthi unesifo sengculazi ukuze ahlelelwe imishanguzo efanele.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

## UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ MCHUNU

## ISIQESHANA C

2.1 iTheku√/eThekwini√ (1)

2.2 Ngumakhelwane√/Insizwa yakwamakhelwane √/Omunye umuntu ohlala ngalapho ayesehlala khona√/Umakhelwane kaMjwayeli.√ (1)

2.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayegqoka izingubo ezishwabene/ezingcolile kodwa ebe ehlala nabantu abagwilikile futhi abahlale bebahle ngaso sonke isikhathi√/
- Indlela ayengcola ngayo.√/
- Wayebukeka sengathi ugugiswa ukungadli.√ (1)

2.4 A√/kahle. √ (1)

2.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UThusheleni wabamba imenenja ihamba nezimpahla ngaphandle kwemvume yomlungu omkhulu.√√/
- Umlungu omkhulu wayefuna ukubamba izisebenzi ezingamasela. √√ (2)

2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwadala izinkinga emndenini ngoba abaphathekanga kahle oManyoba nomkakhe ngesikhathi behlala nezingane zabo ngokwehlukana.√/
- Bazithola sebeduka edolobheni eMnambithi.√/
- Kwaholela ekutheni uManyoba angazinikezi izingane zakhe ifa emva

kokuwina ilotho.√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ngempendulo ngayinye:

2.7.1 **Siyahambisana.**

- UManyoba uzithola ebhekene nobunzima iqala inoveli kuze kuyofika ekugcineni.√/
- UManyoba ukhula kanzima emapulazini, lapho abantu begqilazwa khona, lingekho nethuba lokuba afunde.√/
- Nalapho eseyosebenza eGoli uhlangabezana nezinkinga eziningi.√/
- Ngisho esegugile uhlukunyezwa yizingane zakhe.√ (2)

2.7.2 **Yebo ukwazile.** Ngoba:

- Umlingiswa osemqoka okunguManyoba siyamthola esingenisweni.√/
- Siyayithola inkinga abhekene nayo khona esingenisweni, yokuhlukunyezwa. √/
- Umbhali usheshe wasivezela isizinda sendaba, okusemakhaya ngesikhathi sanamuhla.√ (2)

2.8. Amadodana kaManyoba noMaNdlovu.√√/Bangabandawonye.√√/ Bayazalana√√ (2)

2.9 Abagwilike kangaka, abahlale bebahle ngaso sonke isikhathi√√/ Uma ephumela ngaphandle abantu bayamangala ukubona uyise wabantu **abagwilike kangaka, abahlale bebahle ngaso sonke isikhathi**√√**,** engcole ngalolu hlobo. (2)

2.10. Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayenzela ukuthola abantu ayezohamba nabo ebusuku ukuze aphephe ezigebengwini.√/
- Wayenesifiso sokuthi nezinsizwa zangakubo zithuthuke zikwazi ukufunda nokubhala.√/
- Uma befunda bebaningi kwakuzoba lula ukuthi basizane ngomsebenzi wesikole.√/
- Wayefuna ukuba bagcine sebekwazi ukuzibhalela nokuzifundela izincwadi zabo.√ (2)

2.11. Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMirriam wayeseganile.√√/
- Wayengafundile okungenzeka ukuthi wayengeke abe nawo amandla/ imali yokubasiza.√√ (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

2.12 Upondo neshumi.√ (1)

2.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UManyoba wadlala ilotho wawina imali eningi.√/
- Bahamba noMaNdlovu baya eThekwini beyolanda isheke labo.√/
- Bahalaliselwa bathathwa nezithombe yizintatheli.√/
- Bahanjiswa ngonyanyavu lwemoto bebuyiselwa ekhaya.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayefuna ukuba nesikhathi sokukhulisa kanye nokunakekela kahle izingane zakhe.√√/
- Wayefuna ukugada imfuyo aphinde alime namasimu.√√ (2)

2.15 **UManyoba**: √

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izigameko eziningi zithinta yena.√/
- Simthola ekuqaleni kwendaba kuze kuyofika esiphethweni. √/
- Uyena otholakala enezinkinga eziningi endabeni.√ (3)

2.16 Imibono iyokwehluka.

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ngohlangothi ngalunye:

**Abathi yisenzo esihle.**

- Abantu uma sebefundile kumele bathole imisebenzi ezobaholela kahle.√/
- Olunye uhlobo lwemisebenzi alutholakali emadolobheni amancane/emakhaya, ngakho-ke bayaphoqeka abantu abafundile ukuthi baye emadolobheni amakhulu ukuze bathole imisebenzi esezingeni labo.√/
- Intuthuko ihamba kancane emakhaya ngakho-ke abantu abafundile bathanda ukuhlala endaweni enengqalasizinda esezingeni eliphezulu.√/
- Esinye isizathu ukuthi abantu basuke befuna ukufundisa izingane zabo ezikoleni ezixube izinhlanga/ezisezingeni eliphezulu, lolu hlobo lwezikole luyivela kancane ezindaweni zasemakhaya.√/
- Abantu abafundile bathanda ukuhlala ezindaweni zomntakabani ezitholakala emadolobheni amakhulu.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

**Abathi yisenzo esibi.**

- Senza ukuthi izindawo zasemakhaya zibukeleke phansi ngoba kunenkolelo yokuthi abantu abahlala khona abafundile. √/
- Kwenza ukuthi izingane ezihlala ezindaweni zasemakhaya zingabi nabantu abafundile abayisibonelo esihle kuzo.√/
- Lesi simo senza ukuthi abazali basale bengenabani ozobanakekela nozobondla.√/
- Emakhaya kusala kungenamuntu, imizi ivaliwe. √
- Idolobha kuyenzeka lishintshe isimilo somuntu aze alahle namasiko akhe.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.17 Yebo, ngiyazwelana ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kubuhlungu ukungakwazi ukufunda nokubhala.√/
- Wayebandlululeka ngokobulili.√/
- Wayengeke akwazi ukuzimela uma esemdala.√/
- Izingane zakhe zazingeke zikwazi ukuthuthuka njengezabafowabo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Ngangizothi:

- Akaxoxisane nabeluleki bezokuphathwa kwezimali.√/
- Akalungise umuzi wakhe ube yile nto ayifunayo.√/
- Akathathe enye imali ayilondoloze ngendlela ezomakhela inzuzo.√/
- Akangaphisani ngemali kubantu abayizihlobo zakhe.√/
- Akadle noma yini ayithandayo.√/
- Akavakashele amazwe awathandayo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

**[35]**

## UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

## ISIQESHANA E

3.1 Okukodwa kwalokhu:
- Wathi yena seweshelwa, waqoma, wagana wafelwa.√/
- Wathi akamlinde aze akhumule inzilo. √/
- Wathi ukweshelwa kwakhe nguBhekani kungase kumdalele ingozi ngoba uyamfuna uBhatomu. √ (1)

3.2 Wayethuswa/wayemangaliswa yizindaba azitshelwa nguTholakele ngempilo yakhe yakudala/yokuzila kwakhe.√√ (2)

3.3 Wamtshela ukuthi uBhatomu wayefuna ukumngena ngenkani. Yena wabaleka ngoba wayengafuni.√√ (2)

3.4 A√/Ukubaleka.√ (1)

3.5 UBhekani.√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Nguye esimthola ekuqaleni kwendaba.√/
- Umbhali umveze enenkinga yamaphupho kayise.√/
- Izigameko eziningi zithinta yena.√ (2)

3.6
- UBhatomu wayehlupha uTholakele efuna ukumngena ngenkani.√
- UBhekani wayezithola esehlukumezeka elwa noBhatomu bebanga uTholakele. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

3.7 3.7.1 **Siyahambisana**.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Indaba ikhuluma ngomshado.√/
- Udweshu luqala ngephupho likaBhekani ethi uyise akashade.√/
- Izinkinga zikaBhekani zenzeka ngoba efuna ukufeza isifiso sakhe sokushada.√/
- Uvuthondaba luvela ngosuku lomshado.√ (2)

3.7.2 **Yebo ukwazile.** Ngoba:
- Umlingiswa osemqoka, okunguBhekani siyamthola esingenisweni.√/
- Siyayithola inkinga abhekene nayo , okuyiphupho likayise khona esingenisweni√/
- Umbhali usheshe wasivezela isizinda sendaba, okuyindawo yasedolobheni ngesikhathi sanamuhla.√ (2)

3.8 Okukodwa kwalokhu.
- UTholakele uqashe kwaZenze.√√/
- Bahlangene ngobugebengu.√√/ (2)
- Bangabangani oTholakele noZenze. √√

3.9 Okukodwa kwalokhu.
- Bengithi ubonile ngifake izingubo ezimnyama.√√/
- Uma kukhona ofuna sikukhulume Bheki okuqondene nokuthandana, linda ngize ngikhumule inzilo. √√ (2)

3.10 Wayefuna ukuzotshela uBhekani ukuthi ukhulelwe.√√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

3.11 Bathi udle izidakamizwa ngokweqile.√ (1)

3.12 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Wathi akazidli izidakamizwa.√/
- Wathi uma kufika amaphoyisa wayesuke evakashelwe ngumzala wakhe oyiphoyisa ehamba nabangani bakhe.√/
- Wathi uZenze uyena owahambisa imali yabakhongi kuyise. √/ (2)

3.13 Baboshelwa imali yomgunyathi nokushushumbisa izidakamizwa.√√ (2)

3.14 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UTholakele akaziwa imvelaphi yakhe.√/
- Ungumfelokazi. √/
- Akafundile.√/
- Unobugebengu.√/
- Mdala kunoBhekani.√/
- Nokuthi wenza msebezi muni/ usebenzaphi.
- Ubevela emaphusheni kanina emxwayisa ngaye.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

3.15 OKUKODWA kwalokhu:
- Kumele abantu boMnyango wezeMpilo bavakashele ezikoleni kanye nasezindaweni zokusebenza bafundise abantu ngezidakamizwa.√√/
- Kumele kube nemikhankaso yokuqwashisa imiphakathi ngobungozi bazo.√√/
- Uma befundisa ngezidakamizwa kumele bakhulume nangotshwala okuyinto enomthelela omkhulu ekubhebhethekiseni umkhuba wokusebenzisa izidakamizwa.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

3.16 Imibono iyokwehluka.
OKUBILI kokulandelayo ngohlangothi ngalunye.
**Ngiyazwelana. Ngoba:**
- UBhekani wayenengcindezi yephupho likayise.√/
- UBhekani wayemthanda ngenhliziyo yakhe yonke uTholakele.√/
- Wayenesifiso sokumehlukanisa nemikhuba yakhe uma sebeshadile√/
- Wayethi uzomehlukanisa noPamella.√
- UTholi wayemehlula uBhekani ngomqondo.

**Angizwelani: Ngoba:**
- Akazinikanga isikhathi esanele sokumazi uTholakele.√/

- Wayengalaleli lapho eboniswa uSfiso, umalume nonina.√/
- Wayengalaleli ngisho amaphupho kayise ayekhombisa ulaka.√/
- Wayevumela ukulawulwa uthando/yinkanuko.√ (2)

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

3.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Ngangingathi:

- Isikhathi esiphila kuso sekungesamalungelo. Akamyeke uTholakele uma engathandi.√/
- Ukuzihlanganisa kwakhe noTholakele kungamfaka engozini ngoba uTholakele uhlangene nezigebengu.√/
- Akamyeke uTholakele ngoba unesimilo esixegayo.√/
- Kukhombisa ukushima nokungabi yinsizwa ukulandela umka mfowenu ebe engakufuni nalapho uhambe khona.√/
- Akangajahi izinto eziza kalula kepha akazifunele okwakhe.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: *ABABULALI BANYATHI* – RM Mngadi

## ISIQESHANA G

4.1 Basesikhumulweni samaphoyisa.√ (1)

4.2 Wayesaba ukuthi abantu bazombulala.√ (1)

4.3 Akamsoli ngoba wayehlukunyezwa ukubona uDuma ethela inkosi yakhe ngothuli/ eyiphoxa.√√ (2)

4.4 Kuyashiwo ukuthi kwake kwaliwa kwachitheka igazi ngesikhathi uDuma ehola iqeqebana elaligqugquzela umzabalazo endaweni yenkosi.√ (1)

4.5 B√/Kuyakhula.√ (1)

4.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Amaphoyisa kahulumeni enza yonke imizamo yokuthi kube nokuthula kule ndawo.√/
- Uhulumeni wathumela iziphathimandla ngosuku lomhlangano ukuthi zizofaka isandla ekudaleni uxolo.√/
- Izinhlangano zezepolitiki zathumela abaholi bazo ukuzosiza endaweni.√/
- Inhlangano kaDuma yezepolitiki yameluleka ukuthi akahloniphe inkosi ukuze kube nokuthula endaweni yenkosi.√ (2)

4.7 Okukodwa kwalokhu:

- Babevikela inkosi nomndeni wayo njengoba kwakunesimo sodlame.√√/
- Inkosi yakwazi ukuqhubeka isebenze ngokukhululeka ngoba yayazi ukuthi iphephile. √√ (2)

4.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Sihambisana ngokuthi ukuxhawula kuwuphawu lokuxolelana nokuthelelana amanzi.√√/
- Isiphetho salo mdlalo siqukethe ukuxolelana kwabantu benkosi uShandu.√√ (2)

4.9 Esikhumulweni samaphoyisa, uDuma uyathuthumela ukhuluma nosayitsheni lo ayembikele ngokuhlaselwa kwakhe endleleni.√√
(Nokunye okukubakaki okutholakala esiqeshini.) (2)

4.10 **Sibi ngoba**:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kunokungaboni ngaso linye phakathi kwenkosi nekhansela.√/
- Endaweni yenkosi akukho ukuthula.√/
- Abantu bendawo abasethembani ngoba sebehlukene phakathi.√/
- Imindeni iyaxoveka.√/
- Abantu bayafa kushiswe imizi.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwaba nodlame.√√/
- Kwafa uNobhala wekhansela uMbandlwa nenduna uDlamini. √√ (2)

4.12 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- USayitsheni uthi uDuma wenqaba ukuthathisa enkosini. √√/
- Wadaza inkani nangesikhathi inhlangano yakhe imeluleka ukuthi akasebenzisane nenkosi.√ √/
- Uthi baqala izinto bese begabisa ngokuyeka uma sekonakele. √√/
- Uthi akamsoli uDlamini ngokushaya uMbandlwa ngoba ubehlukunyezwa ukubona uDuma ethela inkosi yakhe ngothuli. √√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.13 NguMfundisi uMazongolo.√ (1)

4.14 Yinkosi uShandu.√ (1)

4.15 4.15.1 D√/Inkosikazi kaDlamini√
4.15.2 A√/Wayefunda oHlange√
4.15.3 B√/Ummeli wenkosi√
4.15.4 C√/Isithakazelo sakwaDlamini√ (4)

4.16 Imbangalusizi√ ngoba unosizi phakathi ngoba kuchitheka igazi kusha nemizi.√ (2)

4.17 Yebo kuyakholakala.
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Empilweni yangempela abantu abasuke bexabene kuyenzeka baxolelane, bathelelane amanzi.√√/
- Isikhathi esiningi uma kunemihlangano yokudala uxolo amaphoyisa ayesuke ekhona ukugada isimo sokuphepha.√√/
- Ngaphambi kokubiza umphakathi abaholi kumele baqale bahlangane, baxoxisane bathi beya emphakathini bese bekhuluma ngazwi linye.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.18 Yebo uphumelele. Indikimba yalo mdlalo ezombusazwe nokubekezelelana.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ukungabekezelelani phakathi kwenkosi uShandu noDuma kwadala izinkinga emphakathini.√
- Abantu abaningi bahlukumezeka abanye bafa ngenxa yempi.√
- Emva kwesivumelwano soxolo phakathi kwenkosi noDuma, isimo sabuyela kuleso esifanele emphakathini.√
- UDuma nenkosi uShandu base bezosebenzisana.√ (3)

4.19 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ngangingamtshela ukuthi:

- Emhlabeni kuyahlonishwana, kuyaboniswana.√/
- Akafunde ukulalela.√/
- Akafunde ukusebenzisana nabo bonke abaholi emphakathini.√/
- Akukuhle ukubamba igqubu, kuhle ukuxola uqhubeke nempilo.√ (2)

**[35]**

**UMBUZO 5: *ICALA ALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 BakwaMaNsibande.√ (1)

5.2 Wayezophenya icala lokudutshulwa koMfundisi√/ ukuhlaselwa komfundisi.√ (1)

5.3 Bambulalela imali yomnikelo.√ (1)

5.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USonto wathenga izigebengu ukuthi zibulale uMaNtuli.√√/
- USonto wadubula umfundisi wantshontsha imali yomnikelo. √√
- Wathumela abantu ukuthi babulale uMbhele.√√/
- Umakhelwane weba imali eyafihlwa uSonto. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.5 B√/Ekhala√ (1)

5.6
- USonto wabamba umfundisi inkunzi kodwa yabuye yalahleka leyo mali.√/
- Wabulalisa umyeni wakhe ngezigebengu ukuze athole lonke ifa lakhe.√ (2)

5.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wazithola esentshontsha/ eseba imali yebandla.√/
- Wazithola esezama ukubulala uMfundisi.√/
- Waphelelwa yisithunzi komakhelwane.√/
- Waphelelwa yikho konke ayenakho.√/
- Waboshwa wehlukana nengane yakhe.√/
- Kwavela obala ukukhohlakala kwakhe kokubulala unkosikazi kaMbhele wokuqala.√
- Wabulala umyeni wakhe ngoba efuna ifa ukuze akhokhele uMthofi.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.8 Wahlaselwa yizigebengu ezazithengwe nguSonto zambulala.√√ (2)

5.9 Okukodwa kwalokhu: Lesi sithombe sihambisana kahle ngoba:
- USonto okunguyena ongumlingiswa oqavile/omkhulu ugcina eboshiwe ngenxa yokuthanda imali.√√/
- UMbhele wayivikela imali yakhe kwaze kwaba sekugcineni ngosizo lommeli.√√/
- UMthofi oyisigebengu naye ugcina eboshiwe ngenxa yokuthanda imali.√√ (2)

5.10 Okubili kwalokhu:
- Isimo senhlalo sibonakala sisibi nje kusukela ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni ngoba kufa abantu.√/
- Kuyahlukunyezwana njalo. USonto uhlukumeza uMbhele, umfundisi kanye nomndeni wakhe. Kanti nezigebengu ziyamhlukumeza uSonto.√/
- UMthofi uhlukumeza uSonto. √
- Kukhona abantu abangahambisani nobugebengu. (2)

5.11 KukwaMaNsibande. Kusanda kungena uSonto noNhleko. √√/
(Nokunye okukubakaki okutholakala esiqeshini) (2)

5.12 Okukodwa kwalokhu:
- UDlamini waluma uMbhele indlebe ngezinto ezazenzeka emzini wakhe uma yena esemsebenzini, wabe esemkhokhisa imali ngalokho.√√/
- Weba imali eyayifihlwe uSonto. √√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

5.13 Umfundisi wayezokhuluma lonke iqiniso ngalokho okwenzeka, asho umuntu owamdubula.√√ (2)

5.14 Imbangalusizi√ ngoba kunosizi phakathi ngoba kuchitheka igazi, kukhona nabashonayo.√ (2)

5.15 5.15.1 C√/Umseshi wecala lomfundisi√
5.15.2 D√Ummeli kaMbhele omsizayo. √
5.15.3 B√/Umama kaSonto.√
5.15.4 A√/Isigebengu esingumngani kaMthofi.√ (4)

5.16 Ngiyavumelana.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayezolinyazwa yizigebengu uma sezizohlasela zifuna imali yazo kumama wakhe.√/
- UMthofi wayesefuna ukuthumba uZinhle uma uSonto engasakhokhi.√/
- Kwakungenzeka adubuleke uma uSonto esehlaselwa ngamaphoyisa.√
(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

5.17 Yebo uphumelele. Indikimba yalo mdlalo ubugebengu nomona.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- USonto akakutholanga ukuphumula nakuba esebulele inkosikazi kaMbhele ngoba efuna ukushada naye bese edla imali.√/
- Isigebengu esinguMthofi samhlupha uSonto waze wagcina esemjikele ukuze agcine eboshiwe.√/
- Kwagcina kutholakele ukuthi ubani owaqola umfundisi wabuye wamdubula.√/
- USonto ugcina eboshiwe bese kuhlukana umndeni.√ (3)

5.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ngangingamtshela ukuthi:
- Ubugebengu abubuyiseli ngakho-ke angalinge ahambe ezinyathelweni zikanina .√/
- Akaqaphele ukuthanda imali kakhulu ngoba umuntu uze angene esilingweni sokubulala nokuntshontsha.√/
- Angalilahli ithemba, impilo iyaqhubeka.√/
- Akethembe ukuthi ngikhona ngizomenzela konke okusemandleni, ngimuphe lonke uthando.√/
- Uzoqhubeka nokufunda ngeke asiyeke isikole.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)
**[35]**

**UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 Basekhishini kwaZungu.√ (1)

6.2 Abantu basuke bamkhumbuze indaba endala yokushona kukaSkhumbuzo.√ (1)

6.3 Wayezomzonda ukuba watshela uThenjiwe ukuthi akaphindele kubo.√ (1)

6.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMaNzuza watshela uThenjiwe ukuthi unolwazi ngaleli siko.√√/
- Lalilandelwa emizini eminingi endaweni.√√/
- Abantu abaningi endaweni babelazi leli siko njengoMondise.√√ (2)

6.5 B√/kakhulu.√ (1)

6.6 Okukodwa kwalokhu:
- Nami-ke ngibona ukuthi ilungelo lami ukuba ngibuyele ekhaya uma engasekho engangize ngaye lapha .√√/
- Okwesibili nami angikwazi ukuwezela uthando lomunye umuntu komunye. √√ (2)

6.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMaMbatha wamtshela ukuthi ngeke akwazi ukuhamba ngoba walotsholwa lapha kwaZungu.√/
- UMaMbatha wafakela uDumisani ingcindezi yokuthi akavume ukungena uThenjiwe.√/
- Wathi uma uThenjiwe ebuyela kubo kuyomele kubuye izinkomo zelobolo.√/
- Emva kokuba uSipho elimaze uDumisani bathi ngeke aphume ejele uma uThenjiwe engavumi ukungenwa nguDumisani.√/
- Bamesabisa ngokumbophisa.√/
- Bamesabisa ngamadlozi akwaZungu. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.8 Okukodwa kwalokhu:
- UNondumiso waxabana noyise wamxosha ekhaya.√√/
- UNondumiso waba yisitha kuMaMbatha. √√ (2)

6.9 UThenjiwe noThabi basekhishini bayasebenza, bayaxoxa. √√ (Nokunye okutholakala kubakaki esiqeshini.) (2)

6.10 UThenjiwe wagcina evumile ukugana uDumisani njengeseluleko sikaSipho, bagcina sebehleli kahle emndenini wabo.√√ (2)

6.11
- UThabi akazange asihloniphe isinqumo sikaThenjiwe sokuphindela ekhaya kubo.√
- Ugcizelela ukuthi uThenjiwe kumele angenwe nguDumisani nakuba eseshilo uThenjiwe ukuthi akahambisani nakho.√ (2)

6.12 **Cha**. Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Amalungelo abantu besifazane aseyalingana nawabantu besilisa.√/
- Umthethosisekelo wezwe uyaliqinisekisa ilungelo lokuzikhethela.√/
- Sekukhona izinhlangano ezilwisana nokucindezelwa kwamalungelo abantu besifazane.√/
- Umuntu ongazithola esenkingeni efana nekaThenjiwe angavele aye emaphoyiseni ayobika, abike nasezinhlanganweni ezilwela amalungelo abantu besifazane.√

**NOMA**

**Yebo.** Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Zisekhona izindawo lapho isiko lokungenwa lisasebenza khona.√/
- Umphakathi ayephila kuwo ubonakala ungaqondi nhlobo ngamalungelo anamuhla.√/
- Abazali bakhe banhlangothi zombili balixhumanisa nolaka lwabaphansi leli siko uma lephulwa. √ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

6.13 Ukuthunga ngomshini.√√ (2)

6.14 Imbangalusizi. √
Umdlalo unosizi phakathi ngoba kuchitheka igazi, kwashona uSikhumbuzo noSipho. Kwalimala uDumisani.√ (2)

6.15 6.15.1 C√/Indodana kaZungu√
6.15.2 A√Umakhelwane.√
6.15.3 D√/Udadewabo kaThenjiwe.√
6.15.4 B√/Umngani kaThenjiwe.√ (4)

6.16 Sibi ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Akukho ukuthula selokhu kwaqala indaba yokungenwa kukaThenjiwe.√/
- UThenjiwe akasahloniphi, usexabana noMaMbatha.√/
- UMaMbatha akasamphathi kahle uNondumiso ngoba ethi ungena izindaba zomuzi wakhe.√/
- Akukho ukuthula emzini kaMondise ngoba uMondise akamesekeli uThenjiwe ezifisweni zakhe.√/
- KwaMondise ubaba wakhona usexoshe uNondumiso ngoba ethi wonisa ingane/udadewabo√ (2)

6.17 Yebo uphumelele. Indikimba isiko nelungelo.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UThenjiwe akahambisani nesiko lokungenwa ngoba uyawazi amalungelo akhe.√/
- Isiko libuye lishayisane namalungelo abantu besifazane.√/
- Kukhona abantu abangawahloniphi amalungelo abanye abantu.√/
- Kuyavela ukuqhathanisa okwenzeka kweminye imindeni mayelana nesiko. (3)

6.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ngangingamtshela ukuthi:

- Akesekele ingane yakhe angazicabangeli yena.√/
- Akazame imali abuyisele izinkomo zakwaZungu emuva.√/
- Akabafake emthethweni abakwaZungu uma bephoqelela ukucindezela uThenjiwe.√/
- Akahloniphe ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**[35]**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

## UMBUZO 7

7.1 **'Ingoduso' – S Bhengu**

### ISIQESHANA I

7.1.1 USanele.√ (1)

7.1.2 UNokwazi wathi abalale phandle ngoba kwase kusebusuku kakhulu, futhi kunesivuvu. √√ (2)

7.1.3 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- USipho waba nenkinga yezithuthi zomphakathi ngoba amatekisi ayesephelile, wahamba ibanga elide ngezinyawo.√/
- Wabhekana nenkinga yokukhuluma nomuntu ongasaphili/isipoki sikaNolwazi.√/
- Akakwazanga ukubona indodana yakhe ngalolo suku ngoba walala phandle. √/
- Walala phezu kwezindunduma zamathuna.√/
- Waze wakuthola ngakusasa ekuseni ukuthi uNokwazi sewadlula emhlabeni. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

7.1.4 C√Akukho okuzosivimba ukuba sishade √ (1)

7.1.5 Ukuhlangana kukaNokwazi nesoka lakhe uSipho selibuya ejele emva kokuboshelwa ukweba imali emsebenzini. √√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.1.6 Ungayibeki ezandleni zami√√/ Okungenani yibeke lapha eduze. √√ (2)

7.1.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Yayizosizakala ngokuthola ikhaya okuhlala kulo abazali bayo bobabili hhayi ukukhulela komalume.√√/
- Yayizothola ukondleka kahle ngoba uyise wayesenemali eningi. √√ (2)

7.1.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kuyingozi ukuhamba ebusuku.√ USipho waze wazithola elala emathuneni nje ngenxa yakho ukuhamba ebusuku.√/
- Kubalulekile ukuziphatha kahle ungenzi ubugebengu ngoba ufuna izindlela ezilula zokwenza imali.√ USipho akasitholanga isikhathi sokuhlala nengoduso yakhe kanye nengane yakhe ngenxa yobugebengu obaholela ekuthini aboshwe.√/
- Abantu besilisa kumele bazifundise ukubekezela nokwamukela isimo sempilo njengoba sinjalo.√ Ukuba wabekezela uSipho ngabe walithola ithuba lokubona ingane yakhe nonina esaphila. √/
- Umuntu oshone enenhliziyo ebuhlungu akakutholi ukuphumula. UNokwazi uzithola epoka ngenxa yokuphathwa kabuhlungu isenzo sikaSipho sokuhamba angabe esabuya ukuzobabheka.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangiyofuna enye intombi engizoshada nayo ukuze ngivuse umuzi wakithi.√/
- Ngangiyozakhela umuzi omkhulu.√/
- Ngangiyocela uGodide ukuthi anginikeze indodana yami ukuze ngizikhulisele yona.√/
- Ngangiyoqala ibhizinisi ukuze ngikwazi ukuziphilisa impilo yami yonke.√/
- Ngangiyothola inyanga/ isayoni/ umfundisi ozovala uNokwazi ukuthi angaqhubeki nokupoka.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

**KANYE**

7.2 **'Ilobolo' – S Zimema**

**ISIQESHANA J**

7.2.1 Lwaluvela kumukhwe wakhe.√ (1)

7.2.2 Ezine√/4√/Ezi-4.√ (1)

7.2.3 Yebo. Okukodwa kwalokhu:

- Bakhona obaba abadla izimali zelobolo bese beyahluleka ukwelekelela lapho intombazane sekufanele ishadiswe. √√/
- Abanye abantu baba ngondlovukayiphikiswa uma izinto zisahamba kahle bese kuthi uma sekonakele badinge usizo. √√ (2)

7.2.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Yingoba umukhwe wakhe akazange abambisane naye.√/
- Wayenqaba ukukhipha usuku lomshado nakuba ayeselobolile.√/
- Wayengafuni ukuthi uMandlenkosi ahlangane nengoduso yakhe bengakashadi.√/
- UMandlenkosi wayekhala ngokuthi akamthathisi okomkhwenyana wakwakhe.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (1)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha 

7.2.5 Okukodwa kwalokhu:

- Wayesecabanga ukuyintshontsha ingoduso yakhe baye kude lapho ayesebenza khona.√/ (1)
- Wayesecabanga ukuvele ayeke ukuba imvu yasesontweni, avele abe yindlavini uqobo, avele athathe umfazi wakhe ayomfaka endlini. √

7.2.6

- Wayebalisa ngokuthi uyahlupheka.√/
- Wayethi akanayo imali eyanele ngoba wadilizwa emsebenzini.√/
- Wayethi wethembele kuMandlenkosi njengomkhwenyana wakwakhe.√/ (3)

7.2.7 Yalimala engozini yemoto.√√ (2)

7.2.8 Yebo uwufezile.
Abalingiswa bale ndaba emfushane bane (4)/ bambalwa, abeqile kwabayisihlanu okungeminye yemigomo yendaba emfushane.√√ (2)

7.2.9 Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ngangiyomtshela ukuthi akasebenzise imali yelobolo ukungcwaba indodakazi yakhe.√√/
- Ngangiyomtshela ukuthi akathathe emalini aphuma nayo emsebenzini uma imali yelobolo ingasekho.√√/
- Ngangiyomtshela ukuthi kumele aboleke ezihlotsheni zakhe uma ingasekho eyempesheni ngoba yena wayehlulekile ukwakha ubuhlobo noMandlenkosi.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.10 Imibono iyokwehluka. Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ngombono ngamunye:

**Kwakufanele ngoba**:

- Umuntu oshonile kwakuyingoduso yakhe ayeyithanda.√/
- Ingoduso yayingenacala.√/
- Kwakungafanele ehlisele izono zikayise kuyo.√/
- Abantu babengakhuluma kabi ngaye ukuthi akayenzelanga umshado wayo wokugcina.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Kwakungafanele ngoba**:

- Kwakufanele umukhwe afundiswe isifundo ukuthi umuntu uyahlonishwa.√/
- Kwakuyizindleko ayengazihlelele, imali wayeyiqede ekhipha ilobolo.√/
- Ubudlelwane phakathi kwakhe nomukhwe babungebuhle.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

### *AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala

### UMBUZO 8

8.1 **'KUYOSALA IZIBONGO' – T Qwabe**

8.1.1 Amathafa.√ (1)

8.1.2 Yinkosi yoHlanga√/Yinkosi yaMaZulu.√ (1)

8.1.3 Izinyoka√ Izingwenya√ Amabhubesi√ Nezingwe.√ (4)

8.1.4 Ezazigijima mzila munye nezinyoka **ezibulalayo**,
Zibhukuda mfula munye nezingwenya **ezibulalayo,**√
Ukuxhumana sigcino/ okusekugcineni.√

**NOMA**

Zibanga amaqele namabhubesi **abulalayo**,
Zidwanguza amahlathi nezingwe **ezibulalayo**.√
Ukuxhumana sigcino/ okusekugcineni.√

**NOMA**

Ezazigijima mzila **munye** nezinyoka ezibulalayo,
Zibhukuda mfula **munye** nezingwenya ezibulalayo,√
Ukuxhumana maphakathi / okuphakathi. .√ (2)

8.1.5 Ichaza indlela abantu ababecasuke ngayo ngokusukelwa/ ngokuchukuluzwa.√√/ Ichaza ukuthi babecasuke kakhulu ngenxa yokusukelwa.√√ (2)

8.1.6 B√/Ukuhamba ungazi lapho uya khona.√ (1)

8.1.7 Ungomdala emantombazaneni.√/ Ungowokuqala kubo emantombazaneni.√
Ngoba imbongi ithi ifunga yena. √ (2)

8.1.8 Ngiyavumelana
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Inkondlo ibeka ngokusobala ukucasuka kwamasotsha afela empini.√/
- Icacisile ngezigameko ezenzeka ngesikhathi amasotsha esempini.√/
- Icacise bha nesithombe sendawo okwakulwelwa kuyo.√/
- Icacise kahle nalokho ebalisa ngakho ukungagezwa nokubuyiswa kwamasotsha/ kwamasosha afela empini.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

8.1.9 Imibono iyokwehluka.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo ngohlangothi ngalunye:
**Kungumqondo omuhle:**
- Kukhombisa ukuziqhenya ngobuzwe nangezwe lakho.√/
- Kukhombisa ukuba nesibindi sokulwela lokho okholelwa kukho.√/
- Kukhombisa ukuthi uyayikhathalela inhlalakahle yomphakathi neyezwe lonke.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Kungumqondo ongemuhle:**
- Izinkinga ezingadala izimpi kumele zixazululwe ngomlomo.√/
- Ngeke kube kuhle ukubeka impilo yami engcupheni ngezinkinga ezingadalwanga yimina.√/
- Ngeke ngikujabulele ukufa ngishiye umndeni wami, nakuba uzosala uhole imali yempesheni.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

**KANYE**

8.2 **'Kwamfaz'ongemama' – F F Mbatha**

8.2.1 UMveli √/ uMenzi√/ uBaba (1)

8.2.2
- Ikhaya likayise√
- Izihlobo nabangani√
- Izinkalo zangakubo√ (3)

8.2.3
- Namuhla iya kwamfaz' ongemama.√
- Lapho kuyothi ngisho igula kuthiwe iyatetema/iyatefa.√ (2)

8.2.4 B√/Ukumethuka ngenhlamba√ (1)

8.2.5 Kwamfaz'ongemama√. Umqondo wokuthi ayilula impilo emendweni.√
(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

8.2.6
- Uthando luyithumbil' inhliziyo yembongi.√
- Uthando luyishay' indali emajukujukwini imbongi.√ (2)

8.2.7 Okukodwa kwalokhu:
- Umoya wokukhathazeka ngoba imbongi ikhathazekile ngendawo eya kuyo nangendlela ezofike iphatheke ngayo emendweni.√√/
- Umoya oxubile. Sithola imbongi ikhombisa intshisekelo yokuya emendweni ngoba iqhutshwa uthando oluyishisa ngaphakathi. Ngakolunye uhlangothi, imbongi inovalo mayelana nempilo engemnandi yasemendweni.√√ (2)

8.2.8 Yebo iphumelele. Indikimba yale nkondlo umendo. Imbongi ibalisa ngezinkinga ezohlangabezana nazo emendweni. √√ (2)

8.2.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo

Akusiyona into enhle ukuphatha kabi umakoti ngoba:

- Umakoti usuke eseyingxenye yomndeni. √/
- Usuke eseshiye umndeni wakhe nekubo ezokwakha ubuhlobo.√/
- Usuke edinga ukufundiswa lokho angakwazi okwenziwa umndeni wakhe omusha uma enze amaphutha. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**